


# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo


- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Kudaladala umndeni wakwaNhlanzenhle, umama, ubaba nezinganyana zabo ezintathu - babehlala ematsheni ekhorali awunqenqema phansi ekujuleni kolwandle oluluhlaza.

Njalo ntambama sekuphume isikole, izinganyana ezintathu zazisiza abazali bazo ukuhlanza ikhaya elalisonqenqemeni lwekhorali.

Ngemva kokuhlanza kahle, izinganyana ezintathu zazenza umsebenzi wesikole wasekhaya, bese zizidlalela zizungeze amatshe ekhorali.

Umndeni wakwaNhlanzenhle wawujabule kakhulu ngokuhlala olwandle. Wawuthola ukudla okuningi, futhi uzizwe uphephe kakhulu.

Laba linye ilanga ...

... lapho umndeni wakwaNhlanzenhle wezwa khona umuntu ememeza kakhulu.

"Yelekelelani! Yelekelelani! Yelekelelani bo!"

"Ngubani lo omemeza kanjalo?" kubuza uNkk Nhlanzenhle. "Kodwa ngabe kwenzekani?" kubuza uMnu Nhlanzenhle. "Siyesaba thina!" kukhala izinhlanzi ezincane ezintathu.

Nanso-ke ingozi! Babona uShak'omazinyo exosha uNhlanzemnene.

Hawu bandla, uNhlanzemnene wayethuke kabi, wavele watshuza washona phansi olwandle ukuze aphephe kuShak'omazinyo.

Umndeni wakwaNhlanzenhle wabonisana ngokuthi wawungamsindisa kanjani uNhlanzemnene.

Babazi ukuthi yinye kuphela inhlanzi eyayingamesabi uShak'omazinyo.

UMnu Nhlanzenhle washayela uMkhom'omkhuluucingo.

"Yelekelela bo! Mkhoma, yelekelela! UShak'omazinyo ufuna ukudla uNhlanzemnene! Usengozini ngempela."


UMkhom'omkhulu watshuza weza ekhaya kwaNhlanzenhle.

"Ngifuna ukumsiza-ke uNhlanzemnene," kusho uMkhomomkhulu." Mina ngimkhulu, nginamandla, futhi angimesabi uShak'omazinyo."

UMkhom'omkhulu waphakamisa umsila wakhe, wamshaya wamdudula kabuhlungu uShak'omazinyo. Wasinda kanjalo-ke uNhlanzemnene.

UNhlanzemnene wabonga umndeni wakwaNhlanzenhle, watshuza ngokushesha esebaleka ebheke ekhaya lakhe elalikude - kude le noShak'omazinyo.

"UMkhom'omkhulu nguye osindise umngani wethu!" kumemeza abomndeni wakwaNhlanzenhle.



**Ubungani buwukwethembana nokusizana.**

## umkhoma

UMkhoma Oluhlaza yisilwane esikhulu kunazo zonke emhlabeni.



Imikhoma yizilwane ezincelisayo, iphefumula njengathi.




imbelu



itheketheke



i-clownfish (uNhlanzenhle endabeni)



i-starfish (istafishi)

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1
a. Shono kumngani wakho ukuthi uyithandile yini indaba. Nikeza isizathu sempendulo yakho.
b. Ucabanga ukuthi kwakuzokwenzekani ukuba uMkhom'omkhuluakaluphendulanga ucingo?
c. Yakhela le ndaba isiphetho esisha.



2
Bheka izithombe ezi-2. Cabanga ngale mibuzo elandelayo uxoxe nomngani wakho ngezimpendulo.





a. Yini efanayo kulezi zithombe zombili?
b. Yini eyahlukile kulezi zithombe zombili?
c. Bheka isithombe sokuqala. Ucabanga ukuthi uzizwa kanjani umndeni wakwaNhlanzenhle? Yini uzizwe kanje? Wena sewake wazizwa kanje?
d. Bheka isithombe sesibili. Manje ucabanga ukuthi bazizwa kanjani? Yini bazizwe kanje? Wena sewake wazizwa ngale ndlela?
e. Ukuba wawuyinhlanzi wawuzozizwa kanjani uma umndeni wakho uhlaselwa ushaka?



3 Qedela umsebenzi encwadini yakho yokubhalela.

a. Thola amagama anale misindo kule ndaba, uwabhale phansi:

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| -tsh- | -ndl- | -ny- | -ntsh- | -nhl- |

b. Kule ndaba thola isicelo esiphindwa kaningi, usibhale.

c. Bhala la magama esichazamazwini sakho:

| | | | |
|---|---|---|---|
| abangani | inhlanzi | umkhoma | ushaka |

d. Qedela le misho ngokufaka izinhlamvu ezifanele emagameni akubakaki ukuze abe ngondaweni.

| |
|---|
| Umkhoma noshaka kuphila ______ (ulwandle). |
| Izinhlanzi zazinomuzi wazo ______ (amatshe). |

e. Bhala le misho ibe senkathini yamamanje:

| |
|---|
| Umndeni wakwaNhlanzenhle wawujabule kakhulu. |
| Umkhoma watshuza weza ekhaya kwaNhlanzenhle. |

f. Bhala le misho encwadini yokubhalela usebenzisa izimpawu zokubhalela lapho zidingeka khona.

. , ? !

| |
|---|
| umkhoma wabhukuda waqonda ekhaya lomndeni wakwaNhlanzenhle |
| yelekelela mkhoma, yelekelela |
| yini eyayenza uNhlanzemnene esabe |



4 Funda le mibuzo bese utshela umngani wakho izimpendulo.

a. Sithini isihloko sendaba?
b. Ngobani abalingiswa abaqavile?
c. Indaba yenzeka kuphi?
d. Umndeni wakwaNhlanzenhle wawubhekene nayiphi ingozi?
e. Xoxa indaba ngamazwi akho. Bhala imisho emi-4 noma emi-5.
f. Khetha umusho owodwa kuleyo oyibhale ngenhla bese udweba isithombe ngawo.



5 Ake uzicabange unguNhlanzemnene. Bhalela uMkhom'omkhulu ikhadi umbonga ngokukusindisa kwakhe.

Izinga lesi- 3

# Incwadi yesi- 3

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Kwasiza uMkhomomkhulu |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Incwadi yokufunda yeBanga lesi-2,<br>Izinga lesi-3 Incwadi yesi-3 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | umndeni, ntambama, bezwa, esaba, phansi, ukudla, ulwandle |
| Ulwazimagama: | kudaladala, unqenqema, ikhorali, hlanza, ingozi, umkhoma, ushaka, tshuza |
| Imisindo: | nhl, ndl, dl, tsh, ny, nq, mv, mnd |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uveza imizwa yakhe ngendaba asho izizathu.<br>▪ Uqagela isiphetho esisha.<br>▪ Uhlonza okufanayo nokwehlukene kokuthinta umoya (*emotions*).<br>▪ Unikeza izizathu zokuzwakala emoyeni.<br>▪ Ubhala amagama esichazamazwini sakhe.<br>▪ Ugcwalisa izakhi zikandaweni.<br>▪ Ubhala imisho ibe senkathini yamanje.<br>▪ Usebenzisa izimpawu zokubhala ngendlela efanele.<br>▪ Uphendula imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ubhala i-SMS yokubonga. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

Izinga loku- 1

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

Izinga lesi- 2

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

Izinga lesi- 3

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2535-5
9 781431 525355

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2535-5

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.